# HILLCREST HIGH SCHOOL

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

**UKUHLOLWA KUKA-NOVEMBA 2019**

**IBANGA LESI -9**

**IPHEPHA LESIBILI ( P2)**

ISIKHATHI : AMAHORA AMA-2

AMAMAKI:85

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Phendula yonke imibuzo kuleli phepha
2. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuphendula
3. Bhala ngesandla esibonakalayo
4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe

## UMBUZO 1

### Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela

"Umukhwe wakho uthi kufanele nibonisane ngalo msebenzi osuvele ungahlelwanga muntu." Lawa ngamazwi kayise kaMandlenkosi. La mazwi uwasho emva kokuba eseze wavuma ukuphuma ekamelweni lakhe.

"Uthi ufuna ukuthi sibonisane? Yena abonisane nami?"

"Impela. Usho kanjalo ngenkathi engishayele ucingo."

"Ufunani? Yini le athi ufuna ukuthi sibonisane ngayo? Angangitsheli ukuthi angimngcwabele ingane yakhe mina. Ngeke ngiyenze leyo nto."

UMandlenkosi lowo ebanga omkhulu umsindo. Umunyu nokuthukuthela kuhlangene kuyena kokubili.

"Yehlisa umoya ndodana," kuncenga uyise.

"Baba, ngithi ngeke ngikhiphe ngisho isenti. Kufanele izibonele leya ndoda ukuthi yenze njani. Ingiphathe kabi. Kufanele izingcwabele yona ingane yayo. Angingeni ndawo mina."

"Mandlenkosi, ngeke ukubalekele ukuthi kade sekuwumfazi wakho lowaya, mntanami," kusho unina. "Kufanele umelekelele umukhwe wakho uma ecela usizo. Kufanele umngcwabe umakoti wakho mntanami."

"Kuphi?"

Awu, umbuzo onjani futhi lo? Konje uzophendula athini unina? Ukuba sedolobheni, akufani nasemakhaya lapho kufihlelwa emakhaya. Indida wukuthi umukhwe ubengakayikhululi indodakazi yakhe.

"Cha, ndodana, umama wakho akaqonde khona ukuthi kufanele umlande uzomngcwabela lapha ekhaya. Ngeke kuze kube njalo ngokubona kwami. Aqonde ukukusho wukuthi wena kufanele welekelele umukhwe wakho phela."

"Baba, ngeke ngize ngimelekelele umuntu ongazange afune ukubambisana nathi. Ngizoze ngimelekelele ngoba ngincengeni kuyena?"

"Usungasale sewenza ubuntu phela mntanami ngoba vele sasesibuphembile ubuhlobo," kusho unina.

"Uma kunjalo ubeyifuyeleni ingane yakhe isilotsholiwe? Angithi bekumnandi kuyena ehlezi nomfazi wakhe, mina engiqhoboshile. Nanamhlanje angilazi icala lami. Angibazi ububi engabenza kulowaya muntu. **Sekufanele asidle lesi sijabane sakhe abesiphekile**. Sesivuthiwe manje. Akasidle!"

1.1 Imuphi lo msebenzi ovelile ongahlelangwa muntu okushiwo ubaba kaMandlenkosi? (1)

1.2 Kwabe sekuphele izinyanga ezingaki uMukhwe kaMandlenkosi ediliziwe emsebenzini? (1)

1.3 Shono ukuthi YIQINISO noma IPHUTHA.

1.3.1 UMandlenkosi wayeseshadile ngokusemthethweni.

1.3.2 Ngokwasendabeni umshado oyingcwele yilowo wasesontweni.

1.3.3 Uyise kamakoti kaMandlenkosi wafika yena ngokwakhe ezobika isifo kuMandlenkosi. (3)

1.4 Chaza izinto EZIMBILI uMandlenkosi athi zigodlelwa ngumukhwe wakhe. (2)

1.5 Ukuphela kwezinyanga ezine engashadiswa umshado oyingcwele uMandlenkosi kube namthelela muni komakhelwane endaweni yakubo? (2)

1.6 Tomula umusho osesiqeshini okhombisa ukuthi uMandlenkosi ngeke amsize umkhwe wakhe ngosizo lwemali yokugcwaba ingoduso yakhe. (2)

1.7 Ngabe le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya noma edolobheni? Sekela impendulo yakho. (2)

1.8 Chaza lezi simo sokukhuluma njengoba sisetshenziswe esiqeshini esingenhla:

a) Kufanele asidle lesi sijabane sakhe abesiphekile. (2)

1.9 Qondanisa IKHOLOMU A ne KHOLOMU B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.9.1 Omakhelwane | A. Ubaba kamakoti. |
| 1.9.2 Ingoduso kaMandlekosi | B. Inhlekelele yengozi |
| 1.9.3 UMkhwe | C. Bancenga uMandlenkosi ukuba alekelele uMkhwe wakhe,. |
| 1.9.4 UMandenkosi | |
| 1.9.5 Abazali | D. Akaqedanga ukulobola |
| | E. Babuza ukuthi umakoti uyelashwa noma uyethwasa. |

(5)

**[20]**

**UXOLO- Sicelo Zimema**

**Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

Kwathi emva kokuba sebezishisile izimoto zikaS'kebhe, wanyamalala izinsukwana wangaziwa ukuthi washo kuphi. Kwathi emva kwezinsuku ezine enyamalele, oMtolo nabanye osomatekisi babona into ababengakaze bayibone. Bayibona ekuseni ngovivi, khona elenke.Bathi sebethi bazoqala umsebenzi njengokwenjwayelekile, badideka amakhanda lapho befica kulingiswe izinkukhu ezimnyama kulezi zigxobo ezinamagama ezindawo lapho izimoto zilayishela khona. Zonke lezi zinkukhu zibukeka zingabulawanga ngokunqunywa kodwa kusobala yukuthi zibulawe ngokujijwa imiqala. Zonke zimnyama. Njengoba imizila iyisikhombisa nje kuleli lenki, nazo izinkukhu ziyilelo nani. Zikleliswe njengamafolosi lapha ngasekuphumeni kwelenki.

Umuntu ozogibela uzithela kuzo izinkukhu lezi, zilengela phezu kwekhanda lakhe.

Kwabonakala amadoda ehlangana ngamakhanda. Kwakuyinto engakaze ibonakale, **ingqayizivele** uqobo lwayo. Bonke bavumelana ngokuthi kwabe kuwumuthi lowo. Umuthi omubi. Kwadingeka ukuthi leyo naleyo ndoda izibheke amacala, izifune. Amadoda avumelana ngokuthi kufanele zehliswe izinkukhu lezo, ziyolahlwa. Baqala badidizela kodwa bagcina ngakho ukuzehlisa. Baqhubeka nokusebenza njengokwejwayelekile.

Aliphelanga isonto ubonakele lowo mbono omubi wezinkukhu, kwaqala kwafa abantu.babefa isonto nesonto. Kwakufa umnikazi wetekisi noma umshayeli. Baze baba bahlanu abantu befa ngokulandelana. Indlela abafa ngayo iyefana.abantu babevele baphathwe amakhanda isikhathi esincane nje bese beyafa njalo. Lwalungapheli usuku umuntu ekhale ngalelo khanda, bese kuba sekupheplile njalo.amadoda ayebuzana ukuthi engabe ubani osezolandela.

1.2.1 Wabe enyamalele izinsuku ezingaki uS'khebe ? (1)

1.2.2 Wabe engowakwabani isibongo uS'khebhe ? (1)

1.2.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Izimoto zikaS'khebe zabe zinjani umbala.

A- Zimhlophe
B- Zibomvu (1)
C- Ziphuzi
D- Zimnyama

1.2.3 Izinkukhu ezazilengiswe elenki zazingaki, bhala ngesiZulu esiqondile? (2)

1.2.5 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo

Kwakuyinto engakaze ibonakale **ingqayizivele.** (2)

1.2.8 Bhala OKUBILI okwakufanele kwenziwe uMtolo ukuze athole uxolo kuS'khebe (4)

1.2.9 Ngabe IQINISO noma UMBONO uthi osomatekisi bale ndawo babehlalele ovalelweni,Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.11 Le ndaba yenzeka endaweni esedolobheni. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

[15]

**AMAMAKI ESEWONKE ESIQEPHU A:35**

## ISIQEPHU B: UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso amagama angama -80 kuya kwayi-100

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho uqokiwe uthi ayodlalela iqembu lesizwe labadlali abancane abangaphansii kweminyaka eyi- 17. Lo mdlalo uzobe uphesheya kwezilwandle ezweni lase Brazil ngamaholidi okuphela konyaka. Bhala incwadi umbongele ngempumelelo yakhe engaka. (30)

**2.2 UMLANDO NGOMUFI**

Umfundi ebeninaye esikoleni aphinde abe umngani wakhe ushone ngokukhulu ukuzuma engozini yemoto, isikole sibe sesihlela inkonzo yesikhumbuzo . Bhala umlando ngomufi ozofundwa enkozweni yesikhumbuzo esikoleni.

(30)

**2.3 INKULUMO ELUNGISELELWE**

Sekube nezigameko eziningi zokuhlukunyezwa nokubulalwa kwabesifazane ezweni. Isikole sibe sesihlela umthandazo ophuthumayo ngalokhu okwenzeka ezweni, UThishanhloko ube esekuqoka ukuthi ube isikhulumi sosuku emthandazweni, Bhala inkulumo elungiselelwe ngodlame nokuhlukunyezwa kwabesifazane ozoyethula emthandazweni. (30)

**2.4 INGXOXO**

Isikole ofunda kusona besihambile siyodlala nesinye isikole, endaweni okushitsha , ubona abafundi basesikoleni sakho bekhuthuza isikhwama somfundi wakwesinye isikole bantshontsha imali nomakhalekhukhwini kanti bazobanjwa bakubala nawe ukuthi ubukhona, nibesenibizelwa ehhovisi lika Mnu Panday. Bhala ingxoxo phakathi kwakho Mnu. Panday umazise ngokwenzekile.

(30)

**AMAMAKI ESIQEPHU B:30**

**ISIQEPHU C**

**UMBUZO 3**

**Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso ngamagama angama 60 kuya kwangama-80**

3.1 **IKHADI LESIMEMO**


Udadewenu /umfowenu omdala uzobe enzelwa umcimbi wokuthweswa iziqu (graduation Party) umndeni ube usukucela ukuba wenze ikhadi lesi memo okuzomenywa abantu ngalo. Bhala ikhadi lesi memo (20)

3.2 **ISIKHANGISI**

Njengoba kade sigubha inyanga yamasiko (heritage month) indawo yangakini ihlele indumezulu yekhonsathi lapho kuzobe kunabaculi abahlukene. Bhala isikhangisi sale khonsathi esizofakwa ezinkundleni zokuxhumana. (20)

3.3 **INKOMBANDLELA**

Udadewenu ucela umyalele indlela esuka e DELFT SPORT COMPLEX iya e BAMBI EDUCARE uhamba ngezinyawo, Sebezisa inkombandle engezansi umyalele indlela ngokulandela imicibisholo.




**AMAMAKI ESIQEPHU C:20**

**AMAMAKI ESEWONKE :85**